# USmangaliso unqoba ubuphofu

Ibhalwe ngu Tinyiko Geoffrey Bandi
Kufanekiselwa ngu Siyasanga Madyibi



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi



USmangaliso wayezalwa ngabakwaNgidi. Abazali bakhe babengabasebenzi basepulazini.
USmangaliso wanakelelwa ugogo wakhe, uMakhumalo, umama kayise.



USmangaliso wayefunda esikoleni eThembalethu. Abangane bakhe besikole babevame ukumgcona.
Bahlekise ngezingubo zakhe ezigugile.
Kwesinye isikhathi, wayefika ekhaya ekhala.



Ugogo wakhe, uMakhumalo ubehlala emduduza. Wayemtshela ukuthi akumela akhathazeke, ngoba lesi simo sizodlula. Kwesinye isikhathi, uSmangaliso wayengakwazi ukulala ebusuku. Kaningi, ugogo wakhe wayeqhubeka emkhuthaza.



Abafana afunda nabo esikoleni bamphatha kabi. Owenza kakhulu lokhu uDelela. UDelela ubengowomndeni wakwaZondi, umndeni ocebile impela. Umndeni wakwaZondi ubunezitolo namatekisi.



Ngelinye ilanga uSmangaliso wabuya ekhaya egijima.
Ihembe lakhe belibomvu klebhu ligazi, futhi ubekhala. Wahlaselwa nguDelela ngoba nje, wayenqabile ukudansela abangani bakaDelela.



Lesi sigameko asikaze sinakwe nasesikolweni. Ngokujalo, akubanga khona ukuqondiswa izigwegwe esikoleni ngodaba lokuthi uDelela ushaye uSmangaliso. Uthishanhloko weluleka uSmangaliso kuphela ngokuthi, akaqhelelane noDelela. Lokhu, kwamzwisa ubuhlungu kakhulu uSmangaliso.



USmangaliso wayesebenza kanzima esikoleni. Wafunda ngokuzimisela ukuze aqedele izifundo zakhe, esikoleni sakhe, ngokushesha okukhulu.
Wayefuna ukubalekela ukuhlukunyezwa.

USmangaliso waqeda izifundo zakhe.
Ushiye iningi lalabo afunda nabo esikoleni ngokwezifundo zabo.
Abanye babo bayeka isikole.






USmangaliso wayesebenza esibhedlela iPhilani njengodokotela. Ngobunye ubusuku wabizwa ngokuphutumayo esibhedlela. Lapho athole owesilisa odutshulwe esifubeni. USmangaliso, kwakunguye kuphela udokotela owayengasiza le ndoda.

USmangaliso waphuthuma egumbini lokuhlinzwa. Lapho ebheka le ndoda ebiklabalasa ngenxa yezinhlungu, wethuka! Kwakungathi ubone isipoki. Indoda eyayikhala kabuhlungu, kwakunguDelela.





Amehlo kaSmangaliso ayegcwele izinyembezi. Igazi elisesifubeni sikaDelela, limkhubuze ngegazi elalisehembe lakhe. Lokhu kumkhumbuze ukuthi, uDelela wamhlukumeza kangakanani ngesikhathi esafunda eThembalethu. Noma kunjalo, uSmangaliso uthathe isinqumo sokukhohlwa ngalokho abhekana nakho esikhathini esedlule, ukuze akwazi ukugxila kulokho okumele kwenziwe manje.



Ngemuva kweviki, uDelela ukwazile ukukhuluma. Wayazi ukuthi wayesizwe ngudokotela, uSmangaliso.
UDelela wakhala kamunyu.
Kwakunzima kakhulu kubahlengikazi ukumthulisa.



Ngenkathi uSmangaliso engena ewadini eyohlola isiguli sakhe, uDelela wehla embhedeni wakhe, wase eguqa ngamadolo phansi. Lapho ubekhala kakhulu, acela uSmangaliso ukuthi amxolele ngakho konke okubi amenze kona esesesikoleni. USmangaliso, wambamba ngesandla, wamsiza ukubuyela embhedeni wakhe.



Ngemuva kwamasonto amabili, uDelela wayeseluleme. USmangaliso waxolela uDelela ngokumhlukumeza phambilini. USmangaliso noDelela ngakho-ke, bathelelana amanzi!
UDelela ubonge uSmangaliso, ngendlela asindise ngayo impilo yakhe.

